Amabhuku Asetshenziswe Ku-*Gwalo Lwempilo Lenkonzo YamaKhristu*

MAY 2-8

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-1 SAMUYELI 27-29

"Icebo LikaDavida"

***it-1*-E 41**
U-Akhishi

UDavida wacatsha kabili endaweni eyayibuswa yiNkosi u-Akhishi ngesikhathi ebalekela uSawuli. Ngesikhathi ebalekela khona okwakuqala babecabanga ukuthi uyisitha kodwa u-Akhishi kamenzanga lutho ngoba uDavida wazenza umuntu ohlanyayo. (1Sa 21:10-15; Hu 34:Isihloko sendaba; 56:Isihloko sendaba) Ngesikhathi ecatsha khona okwesibili uDavida wayelamadoda angu-600 kanye lezimuli zawo njalo u-Akhishi wathi bahlale eZikhilagi. Bahlala khona okomnyaka lenyanga ezine futhi babehlasela amaGeshuri, amaGerizi lamaAmaleki kodwa uDavida wayetshela u-Akhishi ukuthi uhlasela amadolobho akoJuda. (1Sa 27:1-12) U-Akhishi wayekukholwa lokhu waze wenza uDavida waba ngumlindi wakhe. Ngesikhathi amaFilisti esiyahlasela iNkosi uSawuli u-Akhishi wayefuna ukuhamba loDavida kodwa abalawuli bebutho lamaFilisti abazange bavumelane laye. Yikho uDavida lamabutho akhe babuyela eZikhilagi. (1Sa 28:2; 29:1-11) UDavida wathi eseyinkosi walwa lamaGathi futhi kukhanya kazange ambulale u-Akhishi. U-Akhishi waphila kwaze kwabusa uSolomoni. —1Ama 2:39-41; khangela GATH.

***w21.03* 4 ¶8**
Majaha, Lingenzani Ukuze Abanye Balithembe?

8 Ake sixoxe ngobunye ubunzima obehlela uDavida. Wathi esegcotshiwe ukuthi abe yinkosi walinda iminyaka eminengi engakaqalisi ukubusa koJuda. (1 Sam. 16:13; 2 Sam. 2: 3, 4) Kuyini okwamnceda ukuthi abekezele? Wenza lokho ayesenelisa ukukwenza kulokuthi akhathazeke ngesimo ayekuso. Ngokwesibonelo, ngesikhathi ehlala elizweni lamaFilisti ayebalekele kulo, wasebenzisa ithuba lelo ukuthi alwe lezitha zako-Israyeli. Ngokwenza njalo wayevikela imingcele yakoJuda. —1 Sam. 27:1-12.

***it-2*-E 245 ¶6**
Amanga

IBhayibhili alikuvumeli ukukhuluma amanga ngabanye abantu. Kodwa lokho akutsho ukuthi umuntu kumele atshele abantu izinto okungamelanga bazazi. UJesu Khristu wathi: "Linganiki izinja izinto ezingcwele futhi lingajikeli amaphareli enu engulubeni, ukuze zingawanyathenyatheli ngenyawo zazo besezitshibilika zilidabudabule." (Mat 7:6) Yikho laye ngezinye izikhathi wayenganiki abantu impendulo ababeyilindele kumbe abatshele konke ngendaba ethile nxa ukwenza njalo kwakungaba yingozi. (Mat 15:1-6; 21: 23-27; Joh 7:3-10) Lokhu kuyafanana lokwenziwa ngu-Abhrahama, u-Isaka, uRahabi loElisha. Bakhohlisa abantu abangakhonzi uJehova njalo abazange babatshele konke ngendaba ezithile.—Gen 12:10-19; isahl. 20; 26: 1-10; Jos 2:1-6; Jak 2:25; 2Ama 6:11-23.

Ukuchwayisisa IMibhalo

***w10*-ZU 1/1 20 ¶5-6**
Ingabe Abafileyo Bangabasiza Abaphilayo?

Cabanga ngalokhu. IBhayibheli lithi lapho umuntu efa 'uphindela emhlabathini' futhi 'imicabango yakhe iyashabalala.' (IHubo 146:4) Bobabili uSawule noSamuweli babazi ukuthi uNkulunkulu akakuvumeli ukufuna

usizo kwabasebenzelana nemimoya. Phela ngaphambili uSawule wayethathe isinyathelo sokususa abantu ababesebenzelana nemimoya!—Levitikusi 19:31.

Cabangisisa ngale ndaba. Ukube uSamuweli othembekile wayesaphila, ingabe wayeyowuphula umthetho kaNkulunkulu abambisane nalesi sangoma ukuze axhumane noSawule? UJehova wayenqabile ukukhuluma noSawule. Ingabe isangoma sasingakwazi ukuphoqa uNkulunkulu uMninimandla onke ukuba akhulume noSawule sisebenzisa uSamuweli ofile? Cha. Kusobala ukuthi lo "Samuweli" wayengeyena neze umprofethi othembekile kaNkulunkulu. Kunalokho, wayeyidemoni elibi elalizenza uSamuweli ofile.

MAY 9-15

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-1 SAMUYELI 30-31

"Thola Amandla KuJehova UNkulunkulu Wakho"

***w06*-ZU 8/1 28 ¶12**
Yesaba UJehova—Ujabule!

12 Ukwesaba kukaDavide uJehova akugcinanga nje ngokumvimbela ukuba angenzi okubi. Kwamqinisa ukuba athathe izinyathelo eziwujuqu nezihlakaniphile lapho ebhekene nezimo ezinzima. Ngesikhathi uDavide namadoda akhe bebalekela uSawule baphephela emaphandleni amaFilisti, eZikilagi, isikhathi esingangonyaka nezinyanga ezine. (1 Samuweli 27:5-7) Ngesinye isikhathi abesilisa besahambile, kwafika iqembu labaphangi abangama-Amaleki lashisa umuzi lathumba wonke amakhosikazi ala madoda, izingane nemihlambi. Lapho bebuya futhi bebona okwakwenzekile, uDavide namadoda akhe bakhala. Masinyane usizi lwaphenduka intukuthelo, futhi amadoda kaDavide athi makakhandwe ngamatshe. Nakuba ayecindezelekile, uDavide akazange aphelelwe ithemba. (IzAga 24:10) Ukwesaba kwakhe uNkulunkulu kwamshukumisela ukuba aphendukele kuJehova, futhi "waziqinisa ngoJehova." Ngosizo lukaNkulunkulu, uDavide namadoda akhe bawafica ama-Amaleki futhi babuyisa konke okwakuthunjiwe.—1 Samuweli 30:1-20.

***w12*-ZU 4/15 30 ¶14**
UJehova Uyasilonda Ukuze Sisindiswe

14 UDavide wabhekana nezimo eziningi ezicindezelayo ekuphileni kwakhe. (1 Sam. 30: 3-6) Amazwi akhe aphefumulelwe embula ukuthi uJehova wayeyazi imizwa yakhe. (**Funda *iHubo 34:18; 56:8.***) UNkulunkulu uyayazi neyethu. Lapho 'sinenhliziyo eyaphukileyo' noma 'sinomoya ochobozekile,' uyasondela kithi. Lokhu ngokwakho kungasinika induduzo ethile, njengoba kwamduduza noDavide, owahlabelela: "Ngizojabula ngithokoze ngomusa wakho wothando, ngokuthi ukubonile ukuhlupheka kwami; wazile ngezingcindezi zomphefumulo wami." (IHu. 31:7) Kodwa uJehova wenza okungaphezu kokuqaphela ukucindezeleka kwethu. Uyasiqinisa ngokusiduduza nangokusikhuthaza. Enye indlela akwenza ngayo lokhu iyimihlangano yobuKristu.

Ukuchwayisisa IMibhalo

***w05*-ZU 3/15 24 ¶8**
Amaphuzu Avelele Encwadi KaSamuweli Wokuqala

30:23, 24. Lesi sinqumo esisekelwe kuNumeri 31:27, sibonisa ukuthi uJehova uyabazisa labo abafeza ezinye izindima eziwusizo ebandleni. Ngakho, noma ngabe senzani, 'masiyenzeni ngomphefumulo wonke njengokungathi senzela uJehova, hhayi abantu.' —Kolose 3:23.

MAY 16-22

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-2 SAMUYELI 1-3

"Sifundani 'Esililweni Sedandili'?"

***w00*-ZU 6/15 13-14 ¶9**
Bahlonipheni Labo Abanikwe Igunya Phezu Kwenu

9 Ingabe uDavide wayekhathazekile lapho ephathwa kabi? "Izidlova zifuna umphefumulo wami," esho ekhala kuJehova. (IHubo 54:3) Wathululela inhliziyo yakhe kuJehova: "Ngikhulule ezitheni zami, Nkulunkulu wami, . . . iziqhwaga ziyangihlanganyela, kungekho siphambeko, kungekho sono kimi, Jehova. Ziyagijima, zizilungisele, kungekho cala kimi; vuka, ungihlangabeze, ubone." (IHubo 59: 1-4) Ingabe wake wazizwa ngendlela efanayo—ungenzanga lutho kumuntu othile osegunyeni kodwa elokhu ekubangela izinkinga? UDavide akayekanga ukumhlonipha uSawule. Lapho uSawule efa, kunokuba ajabule, uDavide waqamba ingoma yokulila: "OSawule noJonathani babethandeka, bemnandi; ekuphileni . . . Babenejubane kunezinkozi, babenamandla kunezingonyama. Nina madodakazi akwa-Israyeli, mkhaleleni uSawule." (2 Samuweli 1:23, 24) Yeka isibonelo esihle sokumhlonipha ngobuqotho ogcotshiwe kaJehova, yize uSawule ayemonile uDavide!

***w12*-ZU 4/15 10 ¶8**
Ukukhaphela—Isici Esethusayo Sesibonakaliso Sezikhathi!

8 IBhayibheli likhuluma nangabantu abaningi abathembekile. Ake sixoxe ngababili balaba futhi sibone ukuthi singafundani kubo, siqale ngomuntu owathembeka kuDavide. Ukube izinto azenzekanga ngendlela ehlukile, cishe uJonathani, indodana endala yeNkosi uSawule, wayezoba inkosi elandelayo kaIsrayeli. Kodwa uJehova wakhetha uDavide ukuba abe inkosi yakwa-Israyeli elandelayo. UJonathani wasihlonipha isinqumo sikaNkulunkulu. Akazange abe nomhawu ngoDavide ambheke njengembangi. Kunalokho, "umphefumulo kaJonathani wanamathelana nomphefumulo kaDavide" njengoba afunga ukuthi wayezothembeka kuye. Waze wanikeza uDavide izingubo zakhe, inkemba, umnsalo nebhande, ngaleyo ndlela emnikeza udumo lwasebukhosini. (1 Sam. 18:1-4) UJonathani wenza konke ayengakwenza ukuze 'aqinise isandla sikaDavide,' waze wafaka ngisho nokuphila kwakhe engozini emvikela kuSawule. Ngokwethembeka uJonathani watshela uDavide: "Wena ngokwakho uzoba yinkosi phezu kuka-Israyeli, mina ngokwami ngibe ngowesibili ukusuka kuwe." (1 Sam. 20:30-34; 23:16, 17) Akumangalisi ukuthi ngemva kokufa kukaJonathani, uDavide wazwakalisa usizi nothando ayenalo ngaye ngengoma yokulila.—2 Sam. 1:17, 26.

Ukuchwayisisa IMibhalo

***it-1*-E 369 ¶2**
Umfowethu

Ibala elithi "mfowethu" liyasetshenziswa lanxa kukhulunywa ngabantu abamanyeneyo njalo abalenhloso efananayo. Ngokwesibonelo, uHiramu inkosi yeThire wathi uSolomoni ngumfowabo hatshi ngoba babelezikhundla ezifananayo kodwa ngenxa yokuthi babesebenza ndawonye ukuze bathole izigodo lezinye izinto zokwakha ithempeli. (1Ama 9:13; 5:1-12) UDavida wabhala wathi: "Bheka kuhle, kuyabukeka kangakanani nxa abazalwane behlezi ndawonye ngokuzwana!" (Hu 133:1) Lapha wayesitsho ukuthi ayisibo buhlobo kuphela obungenza kube lokuthula lokumanyana phakathi kwabantu. UDavida wayengazalwa loJonathani kodwa wambiza ngokuthi ngumfowabo ngoba babethandana futhi bethanda izinto ezifananayo. (2Sa 1:26)

Ibala leli liyasebenza lasebantwini abangabangane njalo abalobuntu obufananayo lanxa lobobuntu bububi.—Hu 18:9.

MAY 23-29

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-2 SAMUYELI 4-6

"Zimisele Ukungamdanisi UJehova"

***w05*-ZU 5/15 17 ¶8**
Amaphuzu Avelele Encwadi kaSamuyeli Wesibili

6:1-7. Nakuba uDavide ayenezinhloso ezinhle, umzamo wakhe wokuthutha uMphongolo ngenqola wawungqubuzana nomyalo kaNkulunkulu futhi awuzange uphumelele. (Eksodusi 25:13, 14; Numeri 4:15, 19; 7:7-9) Futhi ukubamba kuka-Uza uMphongolo kubonisa ukuthi izinhloso ezinhle azizishintshi izimfuneko zikaNkulunkulu.

***w05*-ZU 2/1 27 ¶20**
UJehova Wenza Okulungile Ngaso Sonke Isikhathi

20 Khumbula ukuthi u-Uza kwakufanele ukuthi wayewazi uMthetho. UMphongolo wawumelela ukuba khona kukaJehova. UMthetho wawusho ngokucacile ukuthi akumelwe uthintwe abantu abangagunyaziwe, uxwayisa ngokucacile ngokuthi abawephulayo lo mthetho babeyojeziswa ngokufa. (Numeri 4:18-20; 7:89) Ngakho, ukuthuthwa kwalelo bhokisi elingcwele kwakungeyona indaba yokuthathwa kalula. Kusobala ukuthi u-Uza wayengumLevi (nakuba ayengeyena umpristi), ngakho kumelwe ukuba wayewazi uMthetho. Ngaphandle kwalokho, eminyakeni ethile ngaphambili uMphongolo wawuthuthelwe endlini kayise ukuba ugcinwe khona. (1 Samuweli 6:20–7:1) Wahlala lapho iminyaka engaba ngu-70, kwaze kwaba ilapho uDavide ewuthutha. Ngakho kumelwe ukuthi kusukela ebuntwaneni, u-Uza wayeyazi imithetho ephathelene noMphongolo.

***w05*-ZU 2/1 27 ¶21**
UJehova Wenza Okulungile Ngaso Sonke Isikhathi

21 Njengoba kushiwo ngaphambili, uJehova uyakwazi ukufunda izinhliziyo. Njengoba iZwi lakhe libiza isenzo sika-Uza ngokuthi "isenzo sokungabi nanhlonipho," kungenzeka ukuthi uJehova wabona isisusa esithile sobugovu esingavezwanga ngokucacile endabeni. Ingabe mhlawumbe u-Uza wayengumuntu ogabadelayo, ojwayele ukweqa imingcele emisiwe? (IzAga 11:2) Ingabe ukuhamba phambi kwabantu ehola uMphongolo umkhaya wakubo owawuwugcine ngasese kwamenza wazizwa ebalulekile? (IzAga 8:13) Ingabe u-Uza wayenokholo oluncane kangangokuthi wayecabanga ukuthi isandla sikaJehova sifushane, ngeke sikwazi ukubamba leli bhokisi elingcwele elifanekisela ukuba khona kwakhe? Noma ngabe ikuphi, singaqiniseka ukuthi uJehova wenza into efanele. Kungenzeka ukuthi wabona okuthile enhliziyweni ka-Uza okwamenza wakhipha isahlulelo esisheshayo. —IzAga 21:2.

Ukuchwayisisa IMibhalo

***w96*-ZU 4/1 29 ¶1**
Phonsa Umthwalo Wakho KuJehova Ngaso Sonke Isikhathi

UDavide njengenkosi kwakudingeka athwale icala elithile ngenxa yalokhu. Indlela asabela ngayo ibonisa ukuthi ngisho nalabo abanobuhlobo obuhle noJehova ngezinye izikhathi bangasabela kabi ezimweni ezivivinyayo. Okokuqala uDavide wathukuthela. Ngemva kwalokho wesaba. (2 Samuweli 6:8, 9, qhathanisa ne-*NW.*) Ubuhlobo bakhe noJehova, obunokumethemba bavivinywa kanzima. Yilesi sikhathi okubonakala sengathi wahlule-

ka ngaso ukuphonsa umthwalo wakhe phezu kukaJehova, lapho engayilaleli imiyalo yakhe. Kungenzeka yini ukuthi nathi siba naleso simo ngezinye izikhathi? Sike simsole yini uJehova ngezinkinga ezibangelwa ukunganaki kwethu iziyalezo zakhe?—IzAga 19:3.

MAY 30–JUNE 5

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-2 SAMUYELI 7-8

"UJehova Wenza Isivumelwano LoDavida"

***w10*-ZU 4/1 20 ¶3**
'Umbuso Wakho Uyokuma Ugxile'

UJehova uyajabula ngesifiso sikaDavide esisuka enhliziyweni. Esabela ekuzinikeleni kwakhe nangokuvumelana nesiprofetho, uNkulunkulu wenza isivumelwano noDavide sokuthi uyovusa othile ohlwini lobukhosi bakhe oyobusa kuze kube phakade. UNathani ube esetshela uDavide lesi sithembiso sikaNkulunkulu esiqinisekisiwe: "Indlu yakho nombuso wakho kuyoma kugxile phambi kwakho kuze kube nini nanini; sona kanye isihlalo sakho sobukhosi siyoma siqine kuze kube nini nanini." (Ivesi 16) Ubani iNdlalifa yaphakade yalesi sivumelwano eyobusa phakade?—IHubo 89:20, 29, 34-36.

***w10*-ZU 4/1 20 ¶4**
'Umbuso Wakho Uyokuma Ugxile'

UJesu waseNazaretha wayengowozalo lukaDavide. Lapho ingelosi imemezela ukuzalwa kwakhe yathi: 'UJehova uNkulunkulu uyomnika isihlalo sobukhosi sikaDavide uyise, futhi uyobusa njengenkosi phezu kwendlu kaJakobe kuze kube phakade, nombuso wakhe ngeke uphele.' (Luka 1:32, 33) Isivumelwano noDavide sagcwaliseka kuJesu Kristu. Ngakho, akakhethwanga abantu kodwa ubusa ngenxa yesithembiso sikaNkulunkulu esiqinisekisiwe esimnika ilungelo lokubusa phakade. Kumelwe sikhumbule ukuthi izithembiso zikaNkulunkulu zigcwaliseka njalo.—Isaya 55:10, 11.

***w14* 10/1 13-14 ¶14**
Woba Lokholo Oluqinileyo eMbusweni

14 ***Isivumelwano sikaNkulunkulu loDavida:*** Asikhangeleni ukuthi uJehova wayithembisani iNkosi yako-Israyeli uDavida. **(Bala u-2 Samuyeli 7:12, 16.)** Ngesikhathi uDavida eyiNkosi eJerusalema, uJehova wenza laye isivumelwano njalo wamthembisa ukuthi uMesiya wayezakuba ngowosendo lwakhe. (Luk. 1:30-33) Yikho-ke uJehova waphinda wachaza okunengi mayelana losendo okwakuzavela kulo inzalo yowesifazana. Wathi owayezathola isihlalo sobukhosi kwakuzakuba yilowo uMbuso 'ongowakhe ngokuqondileyo,' indlalifa kaDavida. (Hez. 21:25-27) UJesu nguye ozakwenza ukuthi ubukhosi bukaDavida 'bume kuze kube nininini.' Kuyacaca-ke ukuthi inzalo kaDavida 'izaqhubeka laphakade, lesihlalo sayo sobukhosi sizakuma njengelanga.' (Hubo. 89:34-37) Kambe ngubani ongaphika ukuthi uMbuso obuswa nguMesiya awusoze ube lobugwelegwele lokuthi izibusiso ozaziletha zizahlala kuze kube nini lanini?

Ukuchwayisisa IMibhalo

***it-2*-E 206 ¶2**
Izinsuku Zokucina

Isiphrofetho SikaBhalamu. Ama-Israyeli athi engakangeni eLizweni Lesithembiso umphrofethi uBhalamu wathi kuBhalaki inkosi yako-Mowabi: 'Woza, ngikuxwayise ukuthi kuyini okuzakwenziwa ngabantu laba [ama-Israyeli] ebantwini bakho ezinsukwini ezilandelayo. Inkanyezi izaphuma ivela kuJakhobe; intonga yobukhosi izaphakama ivela ku-Israyeli. Izacobodisa amabunzi kaMowabi, izinkakhayi zamadodana wonke kaShethi.' (Nan 24:14-17) Isiphrofetho lesi sagcwaliseka okokuqala

lapho “inkanyezi” emela iNkosi uDavida inqoba abakoMowabi. (2Sa 8:2) Yikho ekugcwalisekeni kokuqala kwesiphrofetho lesi ‘insuku ezilandelayo’ kumbe insuku zokucina zaqalisa ngesikhathi uDavida esiba yinkosi. UDavida wayemela uJesu eseyiNkosi yikho isiphrofetho lesi sasizagcwaliseka futhi ngesikhathi uJesu esenqoba izitha zakhe.—Isy 9:7; Hu 2:8, 9.

JUNE 6-12

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-1 SAMUYELI 9-10

“UDavida Watshengisa Uthando Oluqotho”

***w21.11* 9 ¶7**
Qhubekani Litshengisana Uthando Oluqotho

7 Umehluko okhona phakathi kokuba lomusa okukhulunywe ngakho kundima 6 lothando oluqotho yisizatho esenza umuntu akutshengise. Kuyini okwenza izinceku zikaNkulunkulu zakudala zatshengisa uthando oluqotho? Zazingatshengisi abanye uthando oluqotho ngenxa yokuthi kwakumele zenze njalo kodwa zazilutshengisa kusuka enhliziyweni. Cabanga ngalokho okwenziwa nguDavida. Watshengisa umngane wakhe uJonathani uthando oluqotho lanxa uyise kaJonathani wayefuna ukumbulala. Sekwedlule iminyaka uJonathani efile, uDavida waqhubeka emtshengisa uthando oluqotho ngokuba lothando oluqotho kuMefibhoshethi indodana kaJonathani.—1 Sam. 20:9, 14, 15, *NWT;* 2 Sam. 4:4; 8:15; 9:1, 6, 7, *NWT.*

***w05*-ZU 5/15 17 ¶12**
Amaphuzu Avelele Encwadi KaSamuweli Wesibili

9:1, 6, 7. UDavide wasifeza isithembiso sakhe. Nathi kumelwe sizame ukukufeza lokho esikuthembisayo.

***w02*-ZU 2/15 14 ¶10**
Báphila Nameva Enyameni

10 Ngemva kweminyaka ethile, ngenxa yothando lwayo olukhulu ngoJonathani, iNkosi uDavide yabonisa umusa wothando kuMefibosheti. UDavide wamnika wonke umhlaba kaSawule, wabeka inceku kaSawule uSiba njengomnakekeli walowo mhlaba. UDavide wathi futhi kuMefibosheti: ‘Uyakudla njalo etafuleni lami.’ (2 Samuweli 9:6-10) Ngokungangabazeki umusa wothando kaDavide wamduduza uMefibosheti, wadambisa nobuhlungu bokukhubazeka kwakhe. Yeka isifundo esihle! Nathi kufanele sibonise umusa kulabo abashikashikana neva enyameni.

Ukuchwayisisa IMibhalo

***it-1*-E 266**
Indevu

Kudala abantu abanengi bemazweni aseMpumalanga okugoqela lama-Israyeli babeqakathekisa indevu ngoba zazisenza indoda ibe lesithunzi. Umthetho uNkulunkulu awunika ama-Israyeli wawusithi akumelanga agele ‘inwele eziseceleni kwamakhanda awo’ kanye lemikhawulo yendevu zawo. (Lev 19:27; 21:5) UNkulunkulu wayengawavumeli ukuthi akwenze lokhu ngoba kwakungumkhuba wezinye izizwe ezazikhonza onkulunkulu bamanga.

JUNE 13-19

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-1 SAMUYELI 11-12

“Ungabuswa Yizifiso Ezimbi”

***w21.06* 17 ¶10**
Ungaphunyuka Emijibileni KaSathane

10 Ubuhwaba babangela ukuthi iNkosi uDavida ikhohlwe konke uJehova ayeyinike khona okugoqela inotho, ubukhosi lokuyincedisa ukuthi inqobe izitha zayo ezinengi. UDavi-

da wavuma sibili ukuthi izipho uJehova ayemnike zona “zinengi ngokweqileyo ukuzibalisa.” (Hubo. 40:5) Kodwa wake wakhohlwa lokho uJehova ayemenzele khona. Wayengasasuthiseki ngalokho alakho. Lanxa wayelabafazi abanengi, waqalisa ukuhawukela umfazi wenye indoda, into uJehova ayethe ingenziwa. Owesifazana lo kwakunguBhathisheba futhi umkakhe kungu-Uriya umHithi. UDavida wayefuna ukusuthisa isifiso sakhe yikho walala loBhathisheba wasezithwala. Lokho uDavida ayekwenzile kwakukubi kodwa wenza okwedlula lapho ngokubulalisa u-Uriya. (2 Sam. 11:2-15) Wayesengenwe kuyini uDavida? Kambe wayecabanga ukuthi uJehova kasoze akubone akwenzayo? Lanxa uDavida wayesekhonze uJehova okweminyaka eminengi ethembekile, waba yisihwaba futhi lokho kwamlethela inhlupho ezinengi. Kodwa okuthokozisayo yikuthi ngokuhamba kwesikhathi wavuma izono zakhe wasephenduka. Wambonga sibili uJehova ngokumthethelela. —2 Sam. 12:7-13.

***w19.09* 17-18 ¶15**
Zehlise KuJehova

15 UDavida wayeyinhloko yemuli yakhe njalo uJehova wamenza waba yinhloko yesizwe sonke sako-Israyeli. UDavida wayelamandla amakhulu njengoba wayeyinkosi. Kwezinye izikhathi wayewasebenzisa kubi amandla akhe futhi wenza amaphutha amakhulu. (2 Sam. 11:14, 15) Kodwa watshengisa ukuthi uyazehlisa kuJehova wamukela iseluleko. Nxa wayekhuleka wayemtshela indlela ayezizwa ngayo njalo wenza konke ayengakwenza ukuthi alalele iseluleko sikaJehova. (Hubo. 51:1-4) Kanti njalo wayethobeke okokuthi kazange alalele iseluleko esivela emadodeni kuphela kodwa walalela lesivela kwabesifazana. (1 Sam. 19:11, 12; 25:32, 33) UDavida wafunda emaphutheni akhe futhi waqakathekisa ukukhonza uJehova ukwedlula loba yini.

***w18.06* 17-18 ¶7**
Qeqetsha Umzwangedwa Wakho Ngezimiso Lemithetho KaNkulunkulu

7 Ukwephula imithetho kaJehova kulempumela ebuhlungu. Kodwa ukwenza iphutha akusiyo ndlela enhle yokufunda ukwehlukanisa okuhle kokubi. IBhayibhili liyasisiza ukuthi senelise ukukwenza lokhu ngoba lilezibonelo zabantu basendulo abake benza amaphutha. UZaga 1:5 uthi: ‘Ohlakaniphileyo uyalalela engeze ukufunda kwakhe.’ Amazwi la aliqiniso sibili ngoba ukubala lokucabangisisa ngezibonelo eziseBhayibhilini kuyanceda okwamagama. Ake ucabange ngempumela ebuhlungu eyehlela iNkosi uDavida ngenxa yokwephula umthetho kaJehova ngokuphinga loBhathisheba. (2 Sam. 12:7-14) Nansi imibuzo engakusiza ngesikhathi unakana ngendaba le: ‘Kuyini okwakumele kwenziwe nguDavida ukuze axwaye isono lesi kanye lempumela yaso ebuhlungu? Aluba kwakuyimi ngangizakwenzani? Ngangizabaleka yini njengoJosefa kumbe ngangizawela esilingweni njengoDavida?’ (Gen. 39:11-15) Ukucabangisisa ngempumela emibi yesono kuzasisiza ukuthi sizimisele ‘ukuzonda okubi.’

Ukuchwayisisa IMibhalo

***w07*-ZU 9/15 23 ¶11**
‘Uyihlo Unesihe’

11 Endabeni kaDavide noBhati-sheba, ngaphambi kokuthanjiswa kwesahlulelo esiyisigwebo sokufa, kwadingeka isono sabo sithethelelwe. Abahluleli bakwa-Israyeli babengenalo igunya lokwenza lokhu. Ukube bavunyelwa ukusingatha leli cala, kwakuyodingeka bakhiphe isigwebo sokufa nje kwaphela. Wawusho njalo uMthetho. Kodwa ngenxa yesivumelwano ayesenze noDavide, uJehova wafuna ukubona ukuthi sikhona yini isisekelo sokuthethelela isono sikaDavide. (2 Samuweli 7:12-16) Ngakho, uJehova uNkulunkulu,

“uMahluleli womhlaba wonke” ‘ongumhloli wenhliziyo,’ wakhetha ukulusingatha yena luqobo lolu daba. (Genesise 18:25; 1 IziKronike 29:17) UNkulunkulu wayengayifunda ngokunembile inhliziyo kaDavide, abheke ukuthi ukuphenduka kwakhe kuqotho kangakanani, abese emthethelela.

***w12*-ZU 11/15 22-23 ¶9-10**
Kusho Ukuthini Kuwe Ukuthethelela Kuka-Jehova?

9 UJehova akazange ayisuse imiphumela ebuhlungu yezono zikaDavide. Yayizoqhubeka ikhona ukuphila kwakhe konke. Nokho, eqaphela umoya kaDavide wokuphenduka —‘wayenenhliziyo ephukile nechobozekile’ —uJehova wamthethelela. (***Funda iHubo 32:5;*** IHu. 51:17) UNkulunkulu uMninimandla onke uyasiqonda isimo sengqondo sangempela nesisusa sokwenza isono. Kunokuba laba bantu ababephingile bagwetshelwe ukufa abahluleli abangabantu ngokuvumelana noMthetho KaMose, ngesihe, uJehova wangenela, walisingatha ngokwakhe icala likaDavide noBhati-sheba. (Lev. 20:10) UNkulunkulu waze wenza nokuba indodana yabo uSolomoni ibe inkosi elandelayo yakwaIsrayeli.—1 IziKr. 22:9, 10.

10 Mhlawumbe esinye isizathu esenza uJehova wamthethelela, indlela uDavide ngokwakhe abonisa ngayo uSawule isihe. (1 Sam. 24:4-7) Njengoba uJesu achaza, uJehova usiphatha ngendlela esiphatha ngayo abanye. Wathi: “Yekani ukwahlulela ukuze ningahlulelwa; ngoba noma isiphi isahlulelo enahlulela ngaso, nani niyokwahlulelwa ngaso; nesilinganiso enilinganisa ngaso, bayonilinganisela ngaso nani.” (Math. 7:1, 2) Yeka ukuthi kududuza kanjani ukwazi ukuthi uJehova uyozithethelela izono zethu—ngisho nezono ezimbi kakhulu njengokuphinga nokubulala! Uyokwenza lokhu uma *sinomoya othethelelayo,* uma *sivuma izono zethu* phambi kwakhe, futhi uma sibonisa *isimo sengqondo esishintshile* ngezenzo zethu ezimbi. “Izinkathi zokuqabuleka” ezivela kuJehova zifika lapho izoni *ziphenduka ngobuqotho.—**Funda izEnzo 3:19.***

JUNE 20-26

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-2 SAMUYELI 13-14

“Okwenziwa Ngu-Amnoni Kwabangela Umonakalo”

***it-1*-E 32**
U-Abhsalomi

Ukubulawa Kuka-Amnoni. Udadewabo ka-Abhsalomi uThamari wayemuhle okokuthi umfowabo u-Amnoni wayesemfuna. U-Amnoni wayengumfowabo eceleni likayise. Walala phansi wazenza ogulayo wasesithi uThamari azomphekela endlini yakhe. Eselapho wambamba iganyavu. Emva kwalokho u-Amnoni wamzonda ngenzondo ebuhlungu kakhulu wasemxotsha endlini yakhe. UThamari wazithela ngomlotha ekhanda wadabula isigqoko sakhe esasigqokwa ngamadodakazi enkosi ayezintombi ezigcweleyo. U-Abhsalomi wathi embona wahle wacabangela ukuthi u-Amnoni nguye owayengabe ebambe udadewabo iganyavu, etshengisa ukuthi wayevele wabona ukuthi u-Amnoni uyamfuna udadewabo. U-Abhsalomi wamtshela ukuthi azithulele wasemthatha wahlala laye.—2Sa 13:1-20.

***w17.09* 5 ¶11**
Funda Ukuzithiba

11 IBhayibhili lisitshela ngabantu abanengi abehlulekayo ukuzithiba kwezemacansini langempumela ebuhlungu eyabehlelayo. Ngakho nxa kuyikuthi okwenzakala kuKim kuya-

ke kwenzakale lakuwe, zama ukucabangisisa ngendaba yejaha eliyisithutha okukhulunywa ngalo kuZaga isahluko 7. Cabanga langendaba ka-Amnoni langempumela eyabakhona ngenxa yokwehluleka kwakhe ukuzithiba. (2 Sam. 13:1, 2, 10-15, 28-32) Abazali bangasebenzisa izibonelo lezi ngesikhathi sokukhonza kwemuli ukuze bancedise abantwababo ukuthi benelise ukuzithiba ezindabeni zothando lezemacansini.

***it-1*-E 33 ¶1**
U-Abhsalomi

Ngemva kweminyaka emibili sekuyisikhathi sokugela izimvu u-Abhsalomi wenza idili eBhali Hazori eyayingaba ngamakhilomitha angu-22 enyakatho mpumalanga kweJerusalema. Wanxusa iNkosi uDavida kanye lamadodana ayo. UDavida wacela ukungahambi edilini lelo yikho u-Abhsalomi wasemcenga ukuthi avumele u-Amnoni izibulo lakhe ukuthi ahambe esikhundleni sakhe. (Zag 10:18) U-Amnoni wathi "esethabe kakhulu ngenxa yokunatha iwayini" edilini, u-Abhsalomi watshela izinceku zakhe ukuthi zimbulale. Amanye amadodana enkosi abuyela eJerusalema kodwa u-Abhsalomi wabalekela eGeshuri esempumalanga koLwandle lwaseGalile wayahlala loyisemkhulu ongumSiriya. (2Sa 13:23-38) "Inkemba" umphrofethi uNathani akhuluma ngayo yayisingenile "endlini" kaDavida futhi yaqhubeka ilapho okwempilo yakhe yonke. —2Sa 12:10.

Ukuchwayisisa IMibhalo

***ypq* 7 ¶2-5**
Yindaba Ngikhathazeka Kakhulu Ngendlela Engibukeka Ngayo?

Ubuntu bomuntu yibo obuqakathekileyo hatshi indlela abukeka ngayo. Cabanga ngomntakaDavida u-Abhsalomu. IBhayibhili lithi: "Kakho umuntu owayebatshazwa kakhulu ngobuhle bakhe. . . . Kwakungekho sici kuye." —2 Samuyeli 14:25.

Kodwa wayengumuntu ozigqajayo, othanda izikhundla futhi olimenemene. IBhayibhili kalitshayi inja lifihla umphini, litshengisa ukuthi u-Abhsalomu wayengumuntu ongathembekanga futhi olenzondo eyesabekayo. Yikho iBhayibhili lisinika iseluleko lesi: 'Yembathani uqobo olutsha.'—KwabaseKholose 3:10.

"Ubuhle benu kabungaveli ekuzicediseni kwangaphandle, . . . kodwa kumele bube ngobangaphakathi kwenu."—1 Phetro 3:3, 4.

Akukubi ukuthi ufune ukuba muhle, kodwa okuqakatheke kakhulu yibuntu bakho. Ngokuhamba kwesikhathi, ubuntu obuhle yibo obuzakwenza ukuthi abantu bakuthande hatshi ukuthi uqinile kumbe ulomzimba obumbekileyo. Intombazana okuthiwa nguPhylicia ithi, "Ubuhle bungakhanga abantu okwesikhatshana, kodwa okuzahlala kukhunjulwa ngabantu yilokho oyikho ngaphakathi kanye lobuntu bakho obuhle."

JUNE 27–JULY 3

AMAGUGU ASELIZWINI LIKANKULUNKULU | U-2 SAMUYELI 15-17

"U-Abhsalomi Wahlamuka Ngenxa Yokuzigqaja"

***it-1*-E 860**
Abagijimi

Kudala kwakujayelekile emazweni aseMpumalanga ukuthi kube labantu abagijima phambi kwenqola yesikhosini bememezela ukuza kwenkosi njalo beyincedisa. (1Sa 8:11) U-Abhsalomi lo-Adonija bakwenza lokhu bafaka abantu abangu-50 ababegijima phambi kwenqola zabo betshengisa ukuthi sebefuna ukuba ngamakhosi.—2Sa 15:1; 1Ama 1:5; khangela RUNNERS.

***w12*-ZU 7/15 13 ¶5**

Khonza UNkulunkulu Wenkululeko

5 IBhayibheli linezibonelo eziningi zalabo ababa ithonya elibi kwabanye. Esinye sazo u-Absalomu, indodana yeNkosi uDavide. U-Absalomu wayeyindoda ebukeka kahle kakhulu. Nokho, ngokuhamba kwesikhathi, njengoSathane, wavumela isifiso sokuhaha sakhula enhliziyweni yakhe, ngoba waqala ukufisa isihlalo sobukhosi sikayise, ayengenalo ilungelo lokusithola. Emzamweni wakhe wobuqili wokuqhwaga ubukhosi, u-Absalomu wenza sengathi wayewakhathalela kakhulu amaIsrayeli akubo, ngesikhathi esifanayo esikisela ngeziphansi ukuthi inkosi nezinduna zayo yayingenandaba nawo. Yebo, njengoba nje uDeveli enza ensimini yase-Edene, u-Absalomu wazishaya umuntu osizayo, ebe enyundela uyise omzalayo ngonya.—2 Sam. 15:1-5.

it-1-E 1083-1084
IHebhroni

Ngemva kweminyaka ethile u-Abhsalomi indodana kaDavida wabuyela eHebhroni. Wazama ukuhluthunela uyise ubukhosi kodwa wehluleka. (2Sa 15:7-10) Kungenzakala waqalisela eHebhroni ngoba yayike yaba yisigodlo sakoJuda futhi kulapho ayedabuka khona. Ngokuhamba kwesikhathi iNkosi uRehobhowami eyayingumzukulu kaDavida yakha kutsha iHebhroni. (2Imi 11:5-10) Amanye amaJuda ayethunjiwe eBhabhiloni athi ebuyela koJuda afika ahlala eHebhroni (eKhiriyathi Aribha).—Neh 11:25.

Ukuchwayisisa IMibhalo

w18.08 6 ¶11
Qala Uyizwisise Indaba

11 Lathi kwezinye izikhathi singaphathwa kubi ngenxa yamanga ahamba efafazwa ngabantu besisola ngento esingayenzanga. Lokhu yikho kanye okwenzakala kuMefibhoshethi. Ekuqaliseni uDavida wenzela uMefibhoshethi umusa ngokumbuyisela lonke ilifa likayisemkhulu uSawuli. (2 Sam. 9:6, 7) Kodwa ngelinye ilanga uDavida watshelwa umbiko omubi ngoMefibhoshethi. Kulokuthi aqale ayihluze leyondaba, wahle wathathela uMefibhoshethi konke ayelakho. (2 Sam. 16:1-4) Lanxa kunjalo, uDavida uthe esekhulume loMefibhoshethi wananzelela ukuthi wayephambanisile, wasembuyisela enye impahla ayesemthathele yona. (2 Sam. 19:24-29) Aluba uDavida wayeqale wazinika isikhathi sokuyihluza indaba le, wayengasoze enze iphutha alenzayo.

© 2022 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania